# Isaga 9: Umuthi Ugotshwa Usemanzi

## Characters

| | |
|---|---|
| Umama: | T.Q. Zondi |
| Indodakazi 1: | Sinethemba Shezi |
| Ubaba: | Mdu Zondi |

## Transcript

| | |
|---|---|
| Umama: | Wozani-ke sizodla, sondelani nonke, sondelani, ngicela ungidonsele amapuleti sisi. Hawu, sengizophakani ngoba senidlile. |
| Indodakazi 1: | Sewuzophaka lokhu kokugcina… |
| Umama: | Ngicela ungifakele nje emapulethini. Hawu,nazi i'impukane we bantu. Yeyi sukani hambani. Ngicela ungibeke la, loku okwaba…Thoyotha! weThoyotha! Uyazi lezi zingane, umakhalekhuwini nje, bazi iFesibhuki neMiksithi kuphela. Thoyo…weThoyotha! Woza, woza, wozodla manje. Habe, nansi ingane ingihlolela. Wozodla Thoyotha! Ngicela nimthelele noThoyotha ijusi bandla. Letha la le nto. Uyabo le nto, ngaziyala ngayo. Ngilokhu ngithi uzoduka, uzoduka la. Angazi ukuthi kwenzenjani. |
| Indodakazi 1: | Uyena kuphela ongadlile. |
| Thoyotha: | Angifuni. |
| Umama: | Hhayi shhh… ungafuni, hlala phansi udle khona uzokhula ube strongi, ube inqgugquthela… |
| Ubaba: | Kodwa nawe nkosikazi unesandla esiqinile ezinganeni, amawala. |
| Umama: | Cha phela, kufanele ukuze baba, bakhule kahle, angithi uyazi ukuthi bathi umuthi ugotshwa usemanzi, manje kufanele nje balunge manje. |
| Ubaba: | Hho, umuthi ugotshwa usemanzi. |
| Umama: | Usemanzi ehhe. |
| Ubaba: | Ngiyezwa kodwa phela isandla kuwe asingaqini kakhulu. |
| Umama: | Ngicela umlethele ukudla sisi. Hho usenakho. Kulungile. Ngiyabonga. |
| Ubaba: | Yidla ntombazane, yidla ngane kababa. Awuboni ubaba ujabule uma intombazane yakhe idla. |
| Umama: | Nasi nesiphuzo. |
| Ubaba: | Ntombazane! |
| Umama: | Yidla-ke uyezwa.. . |

| | |
|---|---|
| Ubaba: | Awuboni-ke. Good gal. |
| Umama: | Khona uzoba strong njengomama ne? |
| Ubaba: | Yebo sisi. |
| Umama: | Nazo-ke. |
| Ubaba: | Intombazane yami enhle. |
| Umama: | Yadla ingane, hawu ngaze ngathokoza uma usudla, Beautiful. |
| Ubaba: | Ya, ya. |
| Umama: | Nanso-ke ingane yami. Senikuthole ukudla nonke? |
| Abantwana: | Yebo. |
| Umama: | Nanso-ke. Dlanani-ke dlanani. |
| Ubaba: | Kwaze kwamnandi ukuphumula. |